Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2019

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; makwamukelwe kokubili, uhlamvu oluhambisana nempendulo okuyiyona efanele noma impendulo ebhalwe ngokuphelele noma ekubhale kokubili. Isib: 1.1.5 A/USizwe.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.1 1.1.1 Ukunikela ngezitho zomzimba, igazi kanye nangamathambo.√/ Ukunikela ngezitho zomzimba.√/ Ithuba lesibili lokuphila. √ (1)

1.1.2 Okubili kwalokhu :
- Izinkolo.√/
- Izinkolelo.√/
- Amasiko.√/
- Ukungabi nolwazi olwanele.√ (2)

1.1.3 Umazisi wakhe uba nesigxivizo esithi DONOR√√/ukufaka ibhangela labanikelayo esandleni.√√/ Uba sohlwini lwabanikela ngegazi. √√ (2)

1.1.4 C.√/Isifo senyumoniya.√ (1)

1.1.5 Abacwaningi baseMelika balwenza ngempumelelo ngokufaka inhliziyo yenja kwenye inja.√√ (2)

1.1.6 Ezimbili zalezi:
- Izinso.√/
- Ucezu lwesibindi.√/
- Iphaphu.√/
- Amathumbu.√/
- Isikhumba.√/
- Amathambo√ (2)

1.1.7 Okukodwa kwalokhu:
- Yingoba nguyena osuke edinga usizo.√√/
- Yingoba abafuni umuntu osizayo agqilazeke ngezindleko.√√ (2)

1.1.8 Ukuba acele indoda eyafakelwa inhliziyo kababa wakhe ukuba kube yiyona ezomela ubaba wakhe ngosuku lwakhe lomshado.√√ (2)

1.1.9 (a) Abantu abahlali bevumelana ngento efanayo/eyodwa.√√/ Abantu abasho into efanayo.√√ (2)

(b) Wonke umuntu uyafa.√√/Ukufa okukanoma ubani√√/ Ukufa akukhethi muntu.√√/Kufa omdala nomncane.√√ (2)

1.1.10 Ukuze kungabi bikho ukuphikisana kwamalungu omndeni.√√ (Nokunye okunembayo) (2)

1.1.11 IQINISO, ngoba amaphaphu omuntu obhemayo awanayo impilo ngenxa yobuthi obutholakala kugwayi.√√ (Nokunye okunembayo) (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

Ngokwenkolelo yami kuyisenzo esikhombisa ubuntu ukusiza abanye abantu ukuthi baphile.√√

NOMA

Ngokwenkolelo yami akukuhle ukuthi umuntu ashone esenezitho zomzimba ezingaphelele. √√
(Nokunye okunembayo). (2)

1.2 1.2.1 Yingoba ubuso bayo ibufihle ngomqamelo/ngekhushini.√ (1)

1.2.2 OKUBILI kwalokhu:

Yingoba umama kaLinda ubonakala:
- evule umlomo.√/
- Ukuvela kwamazinyo.√/
- eneke isandla.√/
- Ubuka uLinda kabi.√/
- Ubaba ukhombisa ukuthi umlalele njengoba ekhuluma.√ (2)

1.2.3 Yingoba usebenzisa umbhobho wokukhuluma.√ (1)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:

Yebo, siphumelele ngoba uMel uzinakele umakhalekhukhwini wakhe akamnakile uthishomkhulu njengoba ekhuluma.√√

NOMA

Cha, asiphumelelanga ngoba kungenzeka ukuthi akusikho ukuthi uyedelela uMel kepha akamuzwa uthishomkhulu ngenxa yama-earphones awafake ezindlebeni ekubeni kanti umi ngemuva kwakhe, akamboni.√√ (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu esingawabheka:

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	'Izilwane ezifana nezinhlanzi, imikhoma, nezinye zihlala olwandle kuphela'.	1.	Ulwandle luyikhaya lezilwane ezahlukene ezikwazi ukuphila emanzini kuphela.
2.	'Ezokuthutha ziyalusebenzisa ulwandle ukuhambisa izimpahla, imikhiqizo nezivakashi emazweni ahlukene'.	2.	Ulwandle lusetshenziselwa ukuthwala izinto ezinhlobonhlobo ziye kwamanye amazwe.
3.	'Ulwandle lunamathuba amaningi emisebenzi esiza ukukhuphula izinga lomnotho'.	3.	Ulwandle lusiza ukuvulela abantu amathuba emisebenzi kuthuthuke nezinga lomnotho.
4.	'Abantu bayangcebeleka olwandle benze nezindumezulu zemicimbi efana nemishado ukugubha usuku lokuzalwa neminye'.	4.	Olwandle abantu bayazijabulisa benze imishado emikhulu bagubhe nezinsuku zabo zokuzalwa.
5.	'Kukhona abasebenzisa amanzi olwandle ukwelapha izifo zesikhumba, ukubhabhadisa nokulahla kulo imilotha yabangasekho'.	5.	Olwandle kwenziwa izinto eziningi ezihambisana nezinkolelo ezahlukene.
6.	'Imincintiswano yokugwedla ngezikebhe, ukubhukuda, i-surfing neminye iyenzelwa nasolwandle'.	6.	Kukhona imiqhudelwano eminingi ebanjelwa olwandle egcina isiza abantu bathuthuke.
7.	'Ulwandle lungenye yezinto ezisetshenziswa ukupholisa ikhanda kubantu abanokhwantalala (stress) nesizungu'.	7.	Abantu abanezinkinga bayasizakala uma beyozihlalela olwandle babuye sebezizwa bengcono.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
  - Isamba samamaki ayi-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa Kwamagama:**
  - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
  - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Indlela yokumaka ISIQEPHU C

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, abanganikwa amamaki uma iphutha lisengxenyeni yolimi ehlolwayo.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.
- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Kubantu abafuna ukuqasha indawo yokugubha usuku lweMatric Dance.√ (1)

3.2 Okubili kwalokhu:
- U-DJ.√/
- I-Buffet.√/
- Izithombe nama-video.√/
- Izipho.√/
- Imoto√/
- Izinwele√/
- Izinzipho√/
- Iziphaqulo√/
- Indawo√ (2)

3.3 Ku**sa**khokhwa√/ku**ya**khokhwa√ idiphozi engama-70% ngaphambi komcimbi. (1)

3.4 Konke lokhu sikwenz**el**a ngamanani alingene iphakethe lakho.√ (1)

3.5 D√/Isenzasamuntu.√ (1)

3.6 BHUKHA MANJE! √√ (2)

3.7 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo: **Yebo**, ngoba kukhona onogada okuyibona abayalela abantu ihhovisi nokuqinisekisa ukuthi kungena umuntu ofanele.√√/

NOMA

Cha, ngoba noma kuqinisekisiwe ukuphepha kodwa ubugebengu buhlale benzeka bekhona onogada.√√

(Nokunye okunembayo). (2)

[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 4

4.1 Yingoba usephinde wantshontsha imali futhi emsebenzini.√√ (2)

4.2 Le.√ (1)
Isibonelo: Nansi le nja engilumile izolo.√ (1)

4.3 Ngangayintshontsha. √/Angayintshontsha.√/Angintshontshanga.√/ Kangiyintshontshanga.√ (1)

4.4 A√/Ukuba namahloni.√ (1)

4.5 Ngumuntu.√

Isibonelo: **Ngumuntu** ongahloniphi okhuluma kanjalo. √ (2)

4.6 OKUKODWA KWALOKHU:

Bengingaqhubeka ngimsize:
- Ngethemba lokuthi mhlawumbe uzoshintsha indlela yokwenza.√√/
- Ngenhloso yokumnika elinye ithuba.√√/
- Ngoba ngumsebenzi wami njengodokotela ukusiza abanenkinga efana neyakhe. √√

NOMA

Bengingeke ngisaqhubeka nokumsiza ngoba:
- Kungenzeka ukuthi inkinga yakhe idinga olunye uhlobo losizo hhayi lo dokoteka wezengqondo. √√/
- Izenzo zakhe azikhombisi ukuthi uyazicabangela naye ngokwakhe njengomuntu omdala. √√

(Nokunye okunembayo). (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1 5.1.1 Umbabazi.√ /Uphawu lokubabaza.√ (1)

5.1.2 Isikhashana.√

Isibonelo: Kube isikhashana nje efikile wabe esehamba.√ (2)

5.1.3 Ibizoqoqa.√ (1)

5.1.4 Emadolobheni.√

Olwandle.√ (2)

5.1.5 B√/Umusho ombaxa.√ (1)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

	5.1.6	UDisemba.√	(1)
	5.1.7	Ixoxo.√	(1)
	5.1.8	Imisho iyokwehluka: Isibonelo: UNkk. Mhlophe uhlukumeza **abasebenzi** bakhe.√√	(2)
	5.1.9	Zamanzi/Zasemanzini √	(1)
	5.1.10	lo√ mntwana**?**√	(2)
5.2	5.2.1	Uchaza ukuthi ugqoke kahle.√√/ Uswenkile√√/ Ugqoke izingubo ezibizayo.√√	(2)
	5.2.2	Umuzwa wokucasuka√/wokuthukuthela√/wokwesaba/wokudinwa√/ wokunengwa√/wokucikeka/ngoba wesaba ukuthi ngeke ayithole imali yakhe√/ngoba uyanxapha enkulumweni yakhe.√	(2)
	5.2.3	Izimpendulo ziyokwehluka: Isibonelo: Abantu abanebala elimnyama bayathandeka.√√/ Susa ibala elingcolile engutsheni yakho.√√	(2) **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80